KUBAFUNDI BE PEPA.

Siyaninxusa ukuba ni bheke isaziso nge "Pepa lo Hhlanga" komunye umhlati we saziso ngemuva.

Siyaninxusa futi ukuba nize nenze nje ngokulayelwa, okukuso isaziso leso, ezintweni zonke ezipatelele epepeni.

Ipepa lo Hlanga.
August 14. 1903.

INCWADI ENTYA YE SINTU.

(Ubomi Buka Kristu.)

Ezazisweni ezikulelipepa lanamhla, kukona isaziso nge Ncwadi Entya engaba lusizo olukulu kubantu. Itolywe ngesi Xosa. Ilungiswe ngu Rev. W. A. Goodwin M.A., ongu Mpati we St. Alban's College

Umfundisi Goodwin owebandhla le Church of the Province of South Africa. Yindoda efundile, ehlakanipile kakulu. Unikwe umsebenzi wokuba ngu Mcasiseli we Sibhalo lapa e Natal libandhla lakubo. Sesike sanetuba elanele lokuyiblieka lencwadi yake esikuluma ngayo, sayifumanisa ukuba inhle kakulu kiti luhlanga olumnyama. Ibizwa ngokuti: "Ubomi Buka Kristu." Ikanyisa ngomnandi omkulu izimlawo ezimingi ngomhloselo wokuza kuka Kristu ezweni, ngokuzalwa kwake, ngokukula kwake, ngokufundisa kwake, ngokusolwa kwake aba Juda baze bammangalele, ngokutetwa kwecala lake, ngokulahlwa kwake icala, ngokubotelwa kwake esipambanweni, ngokufa, nokuvuka, nokuhlala kwake isikatshana esevukile nango kwenyuka kwake. Zonke lezinto lencwadi izikanyisa ngohlobo olungavula umqondo womfundi ngokunye.

Sifike si paule kakulu kulencwadi incasiselo yc simo saba bhali bezindab'ezinhle bobane, nokuqondwe izefundiso ze vangeli. Epepeni (page) la 22 kukanyiswa nge simo sika Johani nje ngoba engumblahli'ndhlela ka Kristu. Beso kuti emapepeni a 37—40 kucasiswe kakulu ukubizwa kwaba postoli nekwahlukaniselwa kwabo umsebenzi wokuba Abalandeli. Kuti ke kona epepeni le 114 kuye ekupeleni ibe mnandi idele indhlela yokucasisa ngezinsuku zo sonto abetelwa ngalo emtini u Jesu—kusukela e Msombulukweni kuze kube se Sonweni lokuvuka.

Enye into enhle kulencwadi ifike ulufundisi luka Kristu (nje ngokuloba kwaba Vangeli bobane) ibabhlukanise ngemin yakaleyo emitatu yabo. Ikombe izinto ezenziwa, zafundiswa kulowo'nuyaka nalowo. Le yindawo epuhlile ngempela, ngoba iningi laba kiti abafunwa izibhalo ezingewale abikupapeli ukuqondisisa ngezigaba zezikati zokufundisa kuka Jesu ezweni.

U'kuze abafundi be pepa leli babone kaucane ubuhle bulencwadi, si zoke sicapune izindawana ezitile kupo. Epepeni (page) le 101 kukulunywa nge Hadesi (igehena) kutiwa:

"Yilondawo apo lonke abafileyo lekona ngapambi konkla wangewbo isityeli [lase esipatwa no Lazaro] sisetotumeni, ngokube intlaiyo zeto ziyangwela ngapandhle kwesigwebo sika Tixo; ngokungalo isigwebo sika Tixo kupelo nje, sisincamathiso sokuzigwebo ngokwazi. Isityeli saya ke londawo kungengakuba wayesikohlikali kodwa ngokuba wayezikatelele okukokwake kupela, ekstalele eyake imihlali. Ngokuba eyona nto ngapezulu kwizono zake ibizizono zokungezazi" [okufanele]

Kubuye futi epepeni le 130 ku. casiswe ngokukonjwa kuka Judasi —owaceba u Jesu—esidhlweni leso kutiwe:

Kusemhlotaheni ukuba i Vangeli ka Johane yabalelwa ukulungisa nasipina isiposo esi nga senza ngenxa yengxelo ye "Sinoptise." U Luke akaxeli ukuba u Judasi walatwa njengengeatahi, kwano Maraki; kodwa u Mateyu uti u Judasi ebengoyiki ukuburza "ingaba ndim yinina"! wayifumana impendulo "utshilo wena." Ingaba noko wapendulwa ngasese, ngokuba u Johane oti axole lendawo ngokucikizekileyo ayenze mhlope ukuba, namnye, kodwa yena no Petrosi wayemazi u Judasi ukuba uyakuba yingcatshi (kangela u Johane xiii. 23—6). U Kristu makabe wati, "okwenzayo, kwenze msinyane"—kansinyane emveni kokuti ngasese ku Judasi—"Utshilo wena." U Judasi wapuma kwangoko emva koko, kwa kupambi kwokuniselwa ko Mtendeleko Ongewele. Imbangi yokusho oku, kungokuba "ipekeza" awa linikwa ngu Kristu yayi ngelilo lesonka so Mtendeleko Ongewele, kodwa isonka sifakwe emhluzini wetakane emva kokungqunywa ngemifuno erara (kangela ku Johane xiii. 26). U Luke ngoko makabe uyaposisa kanye ukufaka ukuxelwa kwengeatshi emva komniselo wo Mtendeleko Ongewele. O Maraki no Mateyu bawufaka ngapambili. Ne Prayer Book yetu iposisile, elandela u Luke. (Umtendeleko we Nkosi, p. 263.)

Njalo futi epepeni le 142 kucasiswa ngokutetwa kwe cala lika Jesu kutiwa:

(Kwaku kusasa kakulu, ngo 5, okanye ngo 6).

A. Ngapandhle.

(Johane xviii. 28—32; no Luke xxii; 1, 2.)

(Linganisa Mateyu xxvii. 2; [Maraki xv. 1.)

Nakuba u Kristu ebegwetyiwe li Bunga ngokuti uyanyclisa, ababingeleli ababakulu baliguquka ityala waza bansa pambi ko Pilato, ngokuba akuko 'nto inga banelbayo kunge kuko ukufa kwake. Ke, ngokomteto waba se Roma aka na kubulawa ngenxa yokunyelisa inkolo yama Juda. Ityala ngoku leli—"Simfumene lo clugwenxisa uhlanga, esala ukuba kanikelwe irafu ku Kesare, esiti nugu Kristu ukumkani Yena ngo xwake" (Luk. xxiii. 2). Kodwa u Pilati, akukangela, ebelona ukuba u Yesu aka nguye umntu wolohlolo lokukataza i Rulumente; waye zoile, etobile, akangewelizwe. Xa bakankaya cligama "o Kristu", wabona ukuba ityala lika Kristu licsenc nobu Juda, alicsenc nc Rulumente. Ngoko wapendula "Mtalateni nina, ningcwebe ngesiko lenu" (Johane xviii. 31.) Kanye yeyona nto bebengayifuni, ngokuba labefuna ukuba u Kristu abulawe, kwaye ke benge nanandhla oku bulala. U Pilati wayesaz: ukuba bayammonela u Kristu, ngoko ke bamtiya (Maraki xv. 10), kodwa wazimisela ngoko ukumva emhlwini pakati, abone nse ubumsulwa bake."

Siyabalayela ngenhliziyo epelele bonke abafundi belo "Hlanga" ukuba bazame ukuyitenga lencwadi, kakulu abavangeli nabutshumayeli. Kubuhlungu umuntu atshumayele indaba ka Nkulunkulu kepa leku zwakala ukuti akazani nesi bhalo, 'situntuta nje. Sikala ngakunye kupela: ngoba ilotywo ngesi Xosa. Kodwa umuntu uyezwa nje onakekele.

PIUS X.
U POPE OMTSHA.

Umkandhlu we Vatican (isigodhlo sika Pope e Roma) ohlalelwa ngama Cardinals, ukete o Cardinal Sarto ukuba atate isikundhla sobu Pope. Uyakwaziwa ngokuti ugu Pius X.

Lonk' izwe belingazelele nempela ukuba kungaketwa lendoda ukutata lesikundhla esipakeme kangaka. Kutiwa ingumuntu ozibeke pansi kakulu, ongatandi ukupendula zonk' izindaba ngapandhle kwalezo ezipatelele [esikundhleni sake. Uti yena i "Bandhla" liyinsika epase izizwe nezi uhlanga. Akauvumi umkuba wokuba kwangiwe izinyawo zake. Bonke abazitoba kuye uti abange isandhla sake, hai unyawo. Imibuso yonke zapesheya, ibitumele Onxusa'kulu bayo ukuyakutokoza u Pope Pius X.

UMTETO NGE 'MITSHADO YA BANTU.

U Rev. Bryant Cele ugu mfundisi opambili kwabamnyama abefundisi be Congregational Church lapa e Natal. Kuyaziwa abafundi bama pepa ukupakanyiswa kwake, ngamzukwana esaklukaniselwa umsebenzi wokuba ngu Malusi no Mbonisi we zimvu ze Nkosi.

Kute ke kulezinsukwana ezidhlule wamenyezwa kwolisonhla o Wesel's Nek ukuba ayoquba kona umsebenzi wokutshadisa. Nempela ke usabele. Esefikile kona wafumanisa ukuba kantiindaba ye lasense (licence) yokutshadisa nikabiko, loko kubhekeke ukuba kulungiswe uye. Was'ohleke njalo etumela incwadi kona enkantolo e Mnambiti. Yasweleka; ngoba kutiwa kaziwa u Cele lowo kulelo,otumele incwadi. Ute lapo sekuye yena ngoqoibo watyelwa ukuti akako omnyama umfundisi ongatshadisa kulelo lase Mnambiti ngapandhle kwencwadi enesandhla se Nkosi (Magistrate) ya kona. Ute nonxa eveza incwadi ekomba ubufundisi bake, kwabonakala ukuba ayimakwamkelwa ngoba inga lotywanga yi Nkosi yase Mnambiti. Kwabonakala ukuba u Cele lowo makaye ku Rev. Mr. Thompson ukuze atole kuye ubufakazi bokuba ungumfundisi ogeweleyo, ofanele ukutshadisa. Eseitolile ke leyo-ncwadi kulomhlobo wake. wapindela nayo enkantolo wabanako ke ukuzuza i laisense yomtshado. Lamazwi ke noma ebonakala emafutshane, atata izinsuku ezininga ukwenzeka kwawo, waze Umfundisi Cele wonakalelwa okuninigi ngokwapuka kwezikati zake nokuciteka kwezinsuku elwa ne "licence". Kouke loku kubangwe ilomteto osukitshiwe we Mitshado ya Bantu. Kubonakala ukuba wonke umfundisi omnyama kuhle abesahambe ngomsebenzi wake ayocela incwadi ye Nkosi (Magistrate) yase kutini nase kutini. Kubonakale ukuba koti unyaka upenduka beso kukona amashumi ahumi ezincwadi zezi mantyi ekusweloke ukuba sitwalwe nge saka.

Kunjalo nje lapo e Mnambiti Umfundisi Cele wajeziwa kakulu ngakunga kuleki, nokutwala isigqoko ekanda emi pansi kuka valande we Nkantolo. Ku umkhuba nako loko ukuba kutiwe umuntu akesuse isigqoko ekanda engoko endhlini emi nga pandhle. Noma mhlambe u Rulumeni yena uqonde okuhle, ekuboneni kwake, ngalomteto, kodwa ohlupo lwawo luzele lukulu pakati kwe'zwe ngenxa yokuba wonke umfundisi ngabe umnyama, uli cala: kuhle ahlupe, ke, seite isikati somsebenzi, alabhlekelwe amalungelo omsebenzi wake ngenxa yo bala. Aumuhle umteto ongakeli ofanele nonga fanele, opika ngoku didiyela uje!

INSA 'VUKELA.

U Mr Gideon M. Tshile waze Spandikroo usitumela indaba yokuba ngesonto ngesuku lwe 2nd. ku August beebnentshumayelo emnandi eyatshunyayelwa ngumfundisi. Kwakukona isikhulu esinga Velajansi—umfo obekelikoyo kakulu. Kuhle impela ukubona abantu lesikit'abavile bekuteleleke ukuhamba izinkonzo ezenzelwa u Somandhla.

Iyataba indaba e Tshaina! Abezizwe bahlutywa ngohlobo oluhlungezelisinhloko, luhambise unozimba. Imibuso Emikulu yase Yurope (Europe) kuyai nyakaziza ukwenza kwama Tshaina. U Mr Balfour—Oyimhloko Yo Mbuso wama Ngisi pesheya—ukulume ngamandhl'amakulu ngesenzo sama Tshaina, wati, ama Ngisi awan-kuhlala nje abukele lemikubo emibi nemza eminy' Imibuso ingakenzi luto okwamanje.

Umuntu angabohle ezitata 'lula zonk' izinto. Sati senza umsebenzo ngesihlalo esisendhlini yesonto e "Georgedale, esibangwayo, kanti 'sesizitela kumalanda.' Kubuhlungu impela kitina bo "Hlanga', inxa kanti lawo 'maganyana esawenza ngalendatyanyanyana, aselimaze abanumzane abatile base Georgedale. Siyaxepezelisa ngokupandapindiwe. Abadala bati, "alixotshwa kabili".

Beku amakwezikwezi e Edendale ngesonto (Aug. 9th), kuibanga lokupiw' igama kwengane ka Mr no Mrs James L. Molife. Kute inganti umuntu ubeti ubuke kwesuta amehlo endhlini yesonto kwaba okunye ngezikati. zao 6. nao 7. kusihlwa kwa Molife omdala, kwabonakulu wengane leyo. Umuntu ngale ngokubona umfana egijima epete amapetshana pakati konuzi, kulowo abengaqonde yena lawo mapetshana wadinga ukuba kwenzenjani. Abamenywa bafika ngalesosikati esasitshiwo amatafula sekumhlope. Zaugena izimandi zesisu umuntu waconsa amate. Lapo uyisemkulu wengane wabamba eyeke, wagvigqizela kwanje. Kwakulapo onina kulu umuntu ebabona ngokungaveli eningini, kubonakala nkuba ba "bhizi" ngase ziko ukuze babenokwandisa intokozo yezihlobo ezimenyiwe. Nempela kwabanjalo. Enva koba "izixaso" zomzimba sezimkelwe ezandhleni ezinhlope nasezinhliziyweni ezintandayo, kwangana umsebenzi obemulile kakulu wokuxoxa. U Mr. W. Msimanga waketelwa ukuba atate isihlalo. Umuntu umbona emfutshanyana nje, kukona ingqondo yobulodla, ngoba leso sikandhla wasigcwalisa ngohlobo olumoandi kakulu. Bonke abakuhumayo batela izibusiso ku yise no nina kanye nouttwana Ute umfo ka Ladanu, uyise'mkulu wengane, wesulela ngokumandi ngenkulumo yake, ete nako yababa ko mame.

Abe Sutu sobe qubekile ekukanyeni. Kulezinyanga ezidhlule bekubikwa ukuti bagoduka nbutaputapu okubuyela emakaya labo ababesekusebenzeni e Jozi nakwe zinye izindawo. Loko kwaze kwexwayisa abe Lungu.

Manje'ke sekuzwakele ukuba kanti abe Sutu belegedluka nje belebizwa yi Nkos'enkulu yakona—u Letoli—efuna ukuba kupanjwe Imbizo enkulu yezwe lonke, lapo zonke izindaba zombuso wabe zompamka kona. Bebehlangene ke. Kuzwakala ukuti noltulumisi usebenza kanyenabo kuloku. Hau! siyabalaza impela ukuhlakanipa kwabe Sutu! Kupela kwento epakamisa isizwe.

Amabesi a Barolong ase Cape Town ngelalu lwesi kalo zawo malungana nokufungiswa, nokubuyiselwa kwawo loko okonakala ezweni lawo ngesikati sempi yama Ngisi—Bhunu. Izizwe se Barolong sonakalelwa kakulu,sesilwa ama Bhunu Bekungekezwakali ke noko ukuba tapumelele nakuzeo zikalo zabo.

Ngalo lelisonto kwenziwe imisebenzi emibili emkulu yokubekwa kwamatye wiseko sendhlu yesonto entya ye Congregational Church, elinye elesikole esitsha sezintombi zabelungu i St Anne's Diocesan College. Elinye libekwe nga Mongameli wezi Timela (u Sir David Hunter), elinye ngu Rulumeni (u Sir Hy. McCallum). Kazi okuhle okunje kozo kwenzeke nini kiti ndhl'wemnyama.

Izikhulu zomkandhlu kuzwakala ukuba zibuyile Emhlatuze—kwe lakwa Mpakanyoni—lapo beziye kona ukuyo hlola isizalo soMhlatuze (icweba) ukuba kunokwenzeka yini ukuba kwakiwe umuzi wokwamkela impahla efika nemi kumbi, onjengowase Tokwini nje.

ISILILO NGOKWAHLUKANA KWE CHURCH.

[Itonyelwe]

Ukwahlukana kwalantu abakade behlangene bekanye kunobuhlungu olukulu, kuzwisa ubuhlungu obnfana nokungati kutiwe, Ezinhliziyweni zabantu abaningi be Church of the Province of South Africa nabase Church of England in Natal kukona ukungatokozi ngolo'mkuba owesabekayo, owenziwa ngamaboran, ngomunye owale'lusa umhlambi ka Nkulunkulu etenjwa, ehlonitshwa emsebenzini awupatele inkosi yake, ngitsho u Bishop Gray. Konke loku'kuhlupeka okukona namhla kutahalwa nguye enhliziyweni zabantu kungaloko-ke nguye ongatiwa ubahlupele abantu, kungati izwe lonkenje. Um-Bishopo lowo wabe ehlakanipile impela, ekwazi ukuvumisa abantu ngezwi elitandwa nguye, kwati ke ngokutukutela kwake emva kwokulahlwa icala, wezwa ubuhlungu, wase uyahlubuka embuswenl wakubo, watukutelela amakosi ake, kanti izwi elisiyalayo liti, "Hlonipa inkosi yonhlaba ekubusayo."

Ukwahlukana kwe Church kubi, kubange ububi obukulu kwabaningi. Ngiyazi ukuti baningi naba-e Church of England abadilayo, bebona ukungazi kwabantu bakubo, bebadabukela ngobumpumpate labo; kungaloko sebefuna nabafileyo kubo abangaseko. Inhliziyo zabanye base Church of South Africa, kambe zite ukuqonda, zakohlwa ukuti konje nalaba base Church of England basengabantu nabo, nokuti yibo abanga banmifa lezinqabila zase Church nokuti bona (abase south africa) sebezikipa nya kulezo'nqabila.

U'Wesile kambe, ukupuma kwake e Church of England kaxabananga namu untu yena, wapuma nje ngobuhle, njengolsi niyazi ukuti ukupuma kwake sekuyiminyaka eminingi kakulu, kapamanga ngazwi lokuxabana ne Church lakubo, kodwa wapuma ngokubona kwake indhlela etile owabeyibona ukuti ifanele nkungenisa abantu masinyane e Banlhleni leNkosi. Loku kuze kube namhlanje akukabiko 'kunxapelana pakati kwe Church of England ne Wesiyan Methodist Church. nkapela amabandhla amabili asebenza umsebenzi weNkosi, akuko okunye.

Kodwa ngingetsho kakulu mna okwokuti loku kuhlubuka kuka Bishop Gray kwabangwa 'kulahlwa kwake kwala lelo abe'libanga no Sobantu, ngoba pela nanku ngibona namanhlanje e Nkilande izinhloko ze Church zikona ngakukonza kunye nalaba base Church of South Africa. Ngibona ukuti no Dean Gregory wase St Pauls Cathedral, kwonkulu e London, yena (u Dean) kanye naba Bishopo abaningi, bakona ngakukonza 'kunye kuhle kwama Roma sebekulekela nataliyo bakubo.

"Kepa kwakungayikuba 'ndaba enkulu ehlupa kangaka ukuba u Bishop Gray kakubonakalisanga ukwake ukubuluka ngengxabano leyo eyavela pakati kwake no Sobantu, ndhlana esele-

EZABABKI

Umdhl